
**NguMongameli uHenry B. Eyring**
Ikhansela Lokuqala kubuMongameli Bokuqala



# Umsebenzi kanye neMpilo Yaphakade

Umsindisi yisibonelo sethu sokuzinikela emsebenzini. Impilo Yakhe ehlabahlosile ayinikela ekusebenzeleni uBaba wasemaZulwini nabobonke abantwana bakaBaba Wakhe. Ubumbano lwenjongo kaBaba Kanye neNdodana ukunikeza thina sonke isipho sempilo ehlabahlosile Kanye nesibusiso sempilo yaphakade (bona uMose 1:39).

Ukuthola impilo yaphakade, kufanele siguquke ngokuHlawulelwa kukaJesu Krestu — sizalwe kabusha futhi sihlanjululwe esonweni. Izingane ezincane ezingaphansi kweminyaka eyisishagalombili, kanjalo ke, abanaso isono futhi basindisiwe ngeNhlawulo (bona uMozaya 3:16, 21; uMoroni 8:10–12).

Thina esesifikile kwiminyaka yokuziphendulela, kunecebo elihle elisivumela ukuthi nathi sihlanjululwe esonweni futhi sizilungiselele impilo yaphakade. Lamalungiselelo aqala ngokubhabhadiswa ngamandla wobupristi kanye nokwamukela isipho soMoya Oyingcwele. Bese sihlala sikhumbula njalo uMsindisi futhi sigcine imiyalelo Asinike yona.

Inkosi uBenjamini watshela abantu bakhe kwiNcwadi kaMormoni ngenjabulo efika kulabo abathole uxolelo lwezono ngeNhlawulo kukaJesu Krestu. Wase ebatshela ukuthi ukuze bathole ukuxolelwa ezonweni zabo, kufanele bafundise abantwana babo ukuba basebenzelane futhi banikele kwizidingo zenyama kanye nezomoya kulabo abaseduzane nabo. (Bona uMosaya 4:11–16 ).

Wabafundi nokuthi , “Bhekani, Nginitshela lezinto ukuthi nifunde ubuhlakani; ukuthi nifunde ukuthi uma usebenzela abanye abantu esiphila nabo sisebenzela uNkulunkulu” (uMozaya 2:17).

uJesu wahamba efundisa ivangeli futhi wenza okuhle (bona Izenzo 10:38). Walapha abagulayo. Wavusa abafileyo. Ngamandla Akhe wapha izigidi zabantu ukudla ngenkathi belambile benganakho ukudla (bona uMatewu 14:14–21; uJohane 6:2–13). Emva kokuVuka Kwakhe kwabafileyo Wanikeza abambalwa BabaPostoli Bakhe ukudla njengoba beza ngasoLwandle LwaseGalili (bona uJohane 21:12–13) Emazweni aseMelika,Waphilisa abagulayo futhi wabusisa izingane ngamunye ngamunye (bona 3 Nifayi 17:7–9, 21).

uJames umPostoli wasifundisa ukuthi isifiso sethu sokusebenzela abanye abantu siza uma sinokubonga ngakokonke iNkosi esinikeze kona:

“Kodwa obheka ekuhlabahloseni komthetho wenkululeko, uzakuqhubeka lapho, ongabi ngumlaleli okhohlwayo, kepha oyenza umsebenzi, leyondoda izakubusiseka ezenzweni zakhe. . . .

“Inkolo ehlanzekile futhi engangcolile phambi kobuso bukaNkulunkulu kanye noBaba yilokhu, Ukuvakashela abangenabo obaba noma abafelokazi

ngesikhathi sabo sobunzima, futhi nokuzigcina uhlanzekile ungenacala lasemhlabeni" (uJames 1:25, 27).

Kunye okungakubonisa ukuthi usuyahlanjululwa ukukhula kwesifiso sokusebenzela abanye kanye noMsindisi. Ukufundisa emakhaya noma ukufundisa ngokuvakasha kuletha injabulo enkulu futhi akubonakali kungumsebenzi onzima. Uzozibona usuzinikela kakhulu njalo esikoleni esiseduze noma unakekela abahluphekile emphakathini wakho. Noma ngabe unemali encane ongayinikela kulabo abangenalutho, ufisa sengathi ubunakho okuningi ukuze unikele kakhulu (bona uMozaya 4:24). Uzozibona unogqozi lokusebenzela izingane zakho futhi ubabonise ukuthi basebenzele abanye kanjani.

Uma isiqu sakho sishintsha, uzozwa isifiso sakho sokunikela ngomsebenzi sikhula ngaphandle kukubonwa. Ngazi abalandeli boMsindisi abanikele ngezipho ezinkulu zemali kanye nomsebenzi ngokuzimisela ukuthi akekho omunye ngaphandle kukaNkulunkulu kanye nabantwana bakhe abaziyo ngakho. uNkulunkulu uwubonile umsebenzi wabo wababusisa kulempilo, futhi usazobabusisa empilweni yaphakade ezayo (bona Matewu 6:1– 4; 3 Nefi 13:1– 4).

Njengoba ugcina umthetho wokusebenzela abanye (bona Matewu 22:39), uzizwe usushintshile ungasenakho ukuziphakamisa. uMsindisi wabalungisa abafundi Bakhe ngalenkathi bephikisana ngokuthi ngubani omkhulu phakathi kwabo washo.

" akekho phakathi kweni oyakubizwa ngenkosi: kodwa yinye kuphela iNkosi, nguKrestu.

" Kodwa omkhulu ngaphakathi kwenu uzakuba yisisebenzi" (uMatewu 23:10–11).

uMsindisi usifundisa ukuthi singafunda kanjani ukusebenzela abanye. Wasebenza kahle, kufanele sifunde ukusebenza njengokufunda kwakhe— umgqa phezu komgqa (bona D&C 93:12–13). Ngomsebenzi esiwunikelayo, singafana Naye. Sizothandaza ngawo wonke amandla ezinhliziyo zethu ukuthanda izitha zethu ngoba Uyazithanda nazo (bona Matthew 5:43–44; Moroni 7:48). Ekugcineni singafaneleka ukuzuza impilo yaphakade Naye kanye noBaba waseZulwini.

Ngiyanethembisa ukuthi ningakwazi ukusebenzelana kahle uma nilandela imfundiso yoMsindisi kanye nesibonelo Sakhe.

**UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO**

Igosa uM. Russell Ballard weKhoramu labaPostoli Abayishumi nambili wasikhuthaza ukuthi sithandazele amathuba wokusebenza: "Emthandazweni wakho wasekuseni usuku nosuku olusha, cela uBaba waseZulwini ukuthi akukhokhele ukuze ubone amathuba okusebenza nabanye babantwana Bakhe abayigugu. Bese uhambe usuku lonke . . . ufuna umuntu ozomsiza" ("Hlala umatasatasa," *Ensign* noma *iLiyahona* Nov. 2012, 31) Cabanga ngikumema labo obafundisayo ukuthi babeke injongo yokuthandaza njalo ekuseni ukuze bathole amathuba okusebenza futhi bawafune usuku lonke.

## INTSHA

### Impendulo Yomthandazo Wakhe

**NguSiphilile Khumalo**

Ngobunye ubusuku umngane wami wenye inkolo wangivakashela. Ngijwayele ukufunda imibhalo ngedwa, futhi ngangiyikhiphele ukuyifunda ngalobobusuku. Ngashushiswa ukuthi ngimbize azofunda nami imibhalo, kodwa nganginokwesaba ngase ngiqala ukufunda ngedwa. Bengazi ukuthi ngishushiswa nguMoya. Emva kwemizuzu emibalwa ngokuqaphela ngambuza, Ungathanda ukufunda nami imibhalo?" Engangabazi wangiphendula umngane wami wathi, "Yebo"

Sase siqala sifunda Encwadini kaMormoni. Wangibuza imibuzo, ngasengizwa uMoya ungikhokhela ngenkathi ngimphendula. Ngamnikeza ubufakazi bami ngeNcwadi kaMormoni ukuthi iyiqiniso. Emva kokwenza lokho, wangitshela ukuthi, "Bengikhala futhi nginokwesaba usuku lonke. Bengithandaza kuNkulunkulu ngicela usizo ngenkathi ungicela ukuthi ngifunde nawe imibhalo. Ngizizwa ngingcono kakhulu manje. Ngiyabonga."

Inkosi yangisebenzisa njengethuluzi ukuphendula umthandazo futhi nokusebenzela omunye wezingane Zakhe emdingayo. Ngiyazi ukuthi ukushushiswa ngumyalelo ongcwele ophuma konobuhlakani, nodumo uBaba. Uma sisusa ukwesaba kwethu, Simvumela ukuthi Abonakalise amandla Wakhe nangokumlalela.

*Umbhali uhlala eGauteng, eNingizimu Afrika.*

## IZINGANE

### Funa izindlela zokusebenza

Khetha ukulandela uJesu Krestu ngokusebenzela abanye abantu. Dweba umfanekiso wakho usebenzela ilunga lomndeni noma umngane bese uwubeka lapho uzokukhumbuza ukuthi uhlale unomusa ngazonke izinsuku.

© 2014 by Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA.
Isingisi esivunyelwe: 6/13. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/13. Ukuhumushwa ko *First Presidency Message, March 2014*. Zulu. 10863 783

# Umsebenzi Ongcwele kaJesu Krestu: Ukukhanya koMhlaba

**Ukholo • Umndeni • Inkululeko**

*Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ngalokho ongabelana ngakho. Ukuzwisisa impilo kanye nomsebenzi woMsindisi kuzakhulisa kanjani ukholo lwakho Kuyena futhi kubusise labo obaqaphile ngokufundisa ngokuvakasha. Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya kuwww.reliefsociety.lds.org*

*Lena ingxenye yemilayezo elandelanayo yeMlayezo Wokufundisa Ngokuvakasha ephethelene nomsebenzi woMsindisi.*

Uma sesiqonda ukuthi uJesu Krestu ungukuKhanya koMhlaba, singakwazi ukukhulisa inkolo yethu Kuye futhi sibe ukukhanya kwabanye. uKristu wafakaza ngomsebenzi Wakhe njengo "kukhanya kwangempela okukhanyisa indlela yawowonke amadoda [kanye nabesifazane] abeza emhlabeni "(D&C 93:2) wasicela ukuba si"phakamise[Okwakhe] ukukhanya ukuze kukhanyise umhlaba" (3 Nefi 18:24).

Abaprofethi bethu nabo bafakaze ngoKukhanya kukaKristu. uMongameli uHenry B. Eryin, Ikhansela lokuQala KubuMongameli Bokuqala, wathi: "Ngaso sonke iskhathi lapho uzama ukukhetha khona ukuphila njengoMsindisi, ubufakazi bakho buzakuqina. Kuzofika isikhathi sokuthi wazi ngokwakho ukuthi uNgukukhanya koMhlaba. . . . Uzobonakalisa kwabanye ukuKhanya kukaKrestu empilweni Yakho."[1]

Igosa Quentin L. Cook weKhoramu yabaPostile abayishumi nambili wakhuluma kanje ngokuthi thina singukukhanya emhlabeni: "Sidinga ukuvikela imindeni yethu futhi sihambe phambili kanye nabanye abantu abalungile ekwenzeni konke okusemandleni ethu ukulondoloza ukukhanya, ithemba, kanye nobuqotho emiphakathini yethu."[2]

### Kuvela Embhalweni Ongcwele

uJohane 8:12; Imfundiso kanye Nezivumelwano 50:24; 115:5

### Kuvela Emlandweni Wethu

Abesifazane abaNgcwele Bezinsuku Zokugcina namhlanje basaqhubeka nokuphakamisa isibane sokukhanya.

Kwibhilidi eilide kakhulu kwindawo elwisitezi esingu80 e Hong Kong, eShayina, udade ongashadile owayekhubazekile emzimbeni — owayenguyeyedwa Ongcwele wabeZinsuku Zokugcina emndenini wakhe— wenza ikhaya lakhe laba yindawo engcwele lapho yena kanye nabavakashi bakhe bangezwa amandla wangoMoya. Wagcina imibhalo, izincwadi zeNhlangano Yomama, kanye nencwadi yakhe yamaculo eduzane. Wahamba waya eThempelini ukuyokwenza umsebenzi wokhokho bakhe.[3]

eBrazil umama olungileyo wakhulisa izingane zakhe ngokukhanya kwevangeli. Izingoma zeklasi lezingane zazigcwele emoyeni wendlu yakhe yezitina ezibomvu, kanye nezithombe eziphuma *kwiLiyahona* zamathempeli, abaprofethi bakaNkulunkulu, kanye noMsindisi zazigcwele wonke amabonda. Yena kanye nomyeni wakhe bazidela ukuthi baqiniswe etempeleni ukuze izingane zabo zizalwe ngaphakathi kwesithembiso. Umthandazo wakhe wazozonke izinsuku kwakungukuthi iNkosi imsize ukuthi akhulise izingane zakhe ngokukhanya, neqiniso kanye namandla evangeli.[4]

**AMANOTHI**

1. uHenry B. Erying, "Ubufakazi Obuphilayo." *Ensign* noma *iLiyahona,*uMeyi 2011, 129
2. Quentin L. Cook, "Makube Nokukhanya!" *Ensign* or *Liahona,* Nov. 2012, 114
3. Bona *Amadodakazi Embusweni Wami: Umlando kanye noMsebenzi lando kanye noMsebenzi Yomame Benkululeko* (2011), 51
4. Bona *Amadodakazi Embusweni Wami,* 36–37

### Ngingenzenjani?

**1.** Xoxa ukuthi kusho ukuthini ukuba wukukhanya emhlabeni namhlanje.

**2.** Cabanga kanzulu ukuthi ukulandela ukukhanya kukaKristu kukusiza kanjani ukuthi ubekezele ukuvivinywa.

© 2014 by Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA. Isingisi esivunyelwe: 6/13. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/13.
Ukuhumushwa ko *Visiting Teaching Message, March 2014.* Zulu. 10863 783